

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-3

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-14. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Qala isiqephu nesiqephu ekhasini elisha. Uvumelekile ukuqala nayinoma ngasiphi isiqephu osithandayo kodwa usiphendule sonke usiqede ungaxubani imibuzo yeziqephu.
 3. Bhala izinombolo zemibuzo zibe njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
 4. Bhala ngesandla esicacile, esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle ngobunono.
 5. Fundisisa yonke imibuzo kahle ngaphambi kokuyiphendula.
 6. Ungabhali lutho ngale kwemajini. Shiya imigqa emibili njalo emva kombuzo ngamunye.
-

ISIQEPHU A UKUFUNDA NOKUQONDISISA**UMBULO 1**

1.1 Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

MALINGAPHELI ILOBOLO KODWA MAKUXOXWE

- 1 Mhleli, kwelakho esilifunda ngentokozo ngicela ungivumele ngibeke uvo lwami mayelana nalo mbono okhuthaza ukuqedwa kwelobolo esizweni sabansundu. Angivumelani nalo mbono ngezizathu eziningi ezahlukahlukene. Kunalokho ngiphakamisa ukuba kube khona isithangami kuxoxwe ngalo. Phela isiZulu esihle sithi **'Injobo enhle ithungelwa ebandla'**, siphinde siqhubeke sithi **'okwehlula amadoda kuyabikwa'**.
- 2 Khona ngiyaqonda ukuthi kuningi osekushintshile kulesi sikhathi ngelobolo. Ukuhlangana kwezizwe ezahlukene nempucuzeko kube nomthelela omkhulu ekushintsheni kwendlela ilobolo eseliqhutshwa ngayo namuhla. Siphila esikhathini lapho indlela yokuphila neyokwenza izinto, seyilawulwa phakathi kokunye, yizinga lemfundo. Noma kunjalo ngisakholelwa ekutheni singakwazi ukuliqhuba leli siko kungakhalisi inqobo nje uma singakhohlwanga ukuthi ukulobolelana kuyinto eyenziwa ukuze kuqalwe ubuhlobo obuhle phakathi kwemindeneni emibili.
- 3 Sekuyinto eqaphelekayo futhi esivamile ukuthi uma kulotsholelwana abantu babone ilobolo njengethuba lokwakha umnotho. Uma kulotsholwa usuzwa umuntu esethi ubala nezindleko zokukhulisa ingane yakhe, ngakho kumele imali yakhe ibuye kodwa uma intombazane ithathwa yibhungu elifundile kakushiwo ukuthi ngenxa yokuthi udade akafundile kuzobizwa ilobolo elincane. Kube sekuthalaliswa kuthiwe waze wanenhlanhla, uthathwa yisifundiswa.
- 4 Empeleni umuntu wesilisa uyashona lapha. Omunye uzomuzwa ebika ukuthi wesaba ukulobola ngenxa yenani elibizwayo ngabasekhweni sengathi bafuna ukuceba ngelanga ngendodakazi yabo. Kuyamangaza ngoba kwesinye isikhathi uzwa uyise womfana ekhala uma abasekhweni le ndodana bebize kakhulu kodwa uma kunguye ngendodakazi yakhe ubiza angabe esacabanga amane axebule umkhoma nje. Phela kuyinto enhle futhi nencomekayo ukuthi umuntu abambelele eqinisweni isimo simvuna noma singamvuni.
- 5 Into okumele ibukwe yile migudu ehanjwayo uma kuyiwa kumuntu ozolotsholwa. Make sibuke izibizo ukuthi ziyisima kanjani. Uma kufika lapho uyabona ukuthi baningi okudlalwa ngabo, kubizwa izikibha zoLevi's nomakhalekhukhwini besimanje, okuyizinto ezibhodloza ikhukhu lomkhwenyana. Akhokhe umntano-muntu aze agobe njengesikela. Kokunye aze agcine esephelelwe nayisineke sokuqhubeka namalobolo ngenxa yezibizo ezimba eqolo. Wake wakubonaphi lokho ngezikhathi zobabamkhulu? Sike safunda ngenye indoda ebone udadewabo eseqala ukuphambanisa izinyawo, yakubuyisela emuva lokho okwakubiziwe, ngoba ezwela umkhwenyana. Ababaningi-ke abantu abaneqiniso elinjalo. Abantu sebaphenduka baba ngogombela kwesabo.

- 6 Uma uzobuyela esintwini bekukuphi lokhu? Omunye uzothi bekungabizwa ngoba bekungekho kodwa ebe esho ethi uhambisa ngokwesiko, engingeke ngingene ngithi shi kulo ngoba uma singabuka isiko kuningi esingakuqaphela bese uyabona ukuthi uqhele kangakanani esikweni. Uma ubuka, kunezinto abantu asebeke balwe baze bafune ukunqamuka amakhanda bebanga into nokho, engenaso isidingo. Izinto ezinjengokufaka ibhantshi uma umkhwenyana evakashela ekhweni noma lapho umuntu eqonywe khona, yinto evela kuphi leyo ngoba amabhantshi yinto yayizolo. Uphinde ubuke inzilo, ngumkhuba owaqalwa ngumuntu thizeni, evela lapho evela khona, kungesilo isiko njengoba sekuthathwa njengento eyisiko. Uma umkami engangizilelanga ubukeka sengathi akaligcinanga isiko. Ngibona kungaba yinto enhle sihlale phansi sibuke lezi zinto. Ngike ngajabula ngilalele uMnu Nhlanhla Mtaka echaza ngayo belu inzilo.
- 7 Ngibona kufanele ukuthi indaba yelobolo ifakelwe izibuko. Kwabanye uzwa bethi "ubaba wayeyinduna, ngifuna izinkomo eziyi-16". Yini pho engikhathazayo kulokhu? Ngikhathazwa ngukuthi, kulungile-ke ulibize ishumi nesithupha lezinkomo kanti intokazi ayikwazi nokupheka lokhu kodwa, kuthiwe mangizifundisele, into engashiwongo mhla ngizomcela ngamane ngashaywa ngemfe iphindiwe. Nakhu sebhulukana, ngeke umndeni uqoqane uzolekelela kepha kuba yinkinga ebhekene nemindeneni emibili eganiselene.
- 8 Ngiyayihlonipha imibono yabathi maliphele ilobolo kodwa kangihambisani nayo ngoba phela ilobolo lenza inhlonipho ngoba nentombazane iyabahlonipha abazali futhi kuyayijabulisa ukwazi ukuthi abazali bayo badlile ngayo. Naye owesilisa uma sekuthiwa uyalobola usuke esekhomba ukuthi uyakwazi ukuqoqa izinto, usekhule ngokwanele ukuzakhela umuzi wakhe, aziphathele futhi yena ngokwakhe engasizwa ngabazali ngesondlo. Phela ukulobola, kakuwona umthunzi wezinkukhu, kuyajulukwa.
- 9 Noma kunjalo akukuhle ukuba ubuhlobo obuhle bulinyazwe yilobolo eliphezulu elingaphetha ngokwenza ubudlelwane bezithandani bugcine sebumuncu uma sekukhokhwa izikweletu emva komshado. Yingakho ngifisa ukukhuthaza ukuba kube khona izithangami ukuze kuvele ithuba lokuxoxisana ngelobolo eliyinhliziyu yomuntu omnyama lapho kwakhiwa ubuhlobo bokuganiselana.

[Icashunwe encwadini *isiZulu Sethu*, Ibanga 10 (Ikhasi 124 – 125)]

- 1.1.1 Yini inhloso yokubhalwa kwale ncwadi eya kumhleli wephephandaba? (1)
- 1.1.2 Bhala okukodwa umbhali wencwadi athi kube nomthelela ekushintsheni kwendlela osekulotsholwa ngayo esikhathini samanje. (1)
- 1.1.3 Isaga esithi 'Injobo enhle ithungelwa ebandla' sihambisana kanjani nendaba? (2)
- 1.1.4 Yikuphi okufike kuphambane/okuyindida ekwenzeni kwabazali uma kulotsholwa indodakazi yabo efundile naleyo engafundile? (2)
- 1.1.5 Abazali bomfana olobolayo bavame ukungabi naqiniso. **Uyavumelana** noma **uyaphikisana** nalesi sitatimende? Sekela ngokubhekise kokushiwo endabeni. (2)
- 1.1.6 Hlaziya ukuthi umbhali uqonde ukuthini uma ethi "Kubhodloza ikhukhu lomkhwenyana". Sekela impendulo yakho ngokushiwo endabeni. (2)

- 1.1.7 Ngumuntu onjani ohamba ephambanisa izinyawo ngokwale ndaba?
Bheka esigabeni 5. (1)
- 1.1.8 Nikeza incazelo yalezi zimo zokukhuluma ezilandelayo.
- (a) ukuxebula umkhoma. Bheka isigaba 4.
 - (b) ukuba ngugombela kwesakho. Bheka isigaba 5.
 - (c) ukushaywa ngemfe iphindiwe. Bheka isigaba 7. (3)
- 1.1.9 Yimaphi amazwi endabeni asitshela ukuthi umbhali akayibukeli phansi imibono yabanye ngelobolo? (1)
- 1.1.10 Uthini umbono wakho mayelana nelobolo elibizwayo esikhathini samanje?
Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.2 Phinda ubheke lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.



[Isithombe sicashunwe encwadini Kuyasa, Ibanga 7]

- 1.2.1 Amazwi athi 'Angazi ngiyobona phambili' asitshela ukuthi uNokwanda ungumuntu onjani? Sekela impendulo yakho ngesizathu esizwakalayo. (2)
- 1.2.2 Ukwehluleka ukuhlelela uhambo ngokufanele kungaba nomphumela ongemuhle. Hlaziya okwenzeka kulesi sithombe ukufakazela lesi sitatimende. (1)
- 1.2.3 Ukube wena unguNokwanda, yikuphi okukodwa okwehlukile obungakwenza uma ulungiselela uhambo? (1)
- 1.2.4 UNokwanda ugcina ngokulala ebhentshini ngaphandle ebusuku. Bhala okukodwa okungamehlela ngokubona kwakho. (1)

- 1.2.5 Ukube unguNokwanda, yikuphi obungakwenza kunokulala ebhentshini ngaphandle ebusuku? Bhala okukodwa. (1)
- 1.2.6 Sifundo sini wena osifundile ngendaba kaNokwanda? (1)

Amamaki angama-25

ISIQEPHU B UKUFINGQA**UMBULO 2**

Fundisisa le ndatshana bese uyifingqa ngamagama akho aphakathi kwangama 70 – 80.

HAMBA MINYAKA!

Ubumpofu kanye nokuguga yizinto lezi eziba buhlungu kakhulu kumuntu noma kubantu. Kungcono nje ukuba mpofu kodwa ungabi umuntu osegugile. Kanti uma uzigugele unezimali zakho kuyisibusiso. Awuhluphi muntu futhi awunakwe muntu. Kodwa uma kwenzeka lezi zinto zombili zihlanganele kuwe usuke uzalelwe yinja endlini. Wonke umuntu uyazihlangula.

Lokhu kucwaswa kwabampofu futhi bekhulile sekujwayeleke kakhulu kubantu bakithi abansundu. Kule minyaka uthi ungaba mdala baqale ukuthola into abazodlala ngayo. Ube sewubizwa ngawo wonke amagama angekho ezilimini ezikhulunywayo emphakathini. Wawukuzwaphi ukubizwa ngomagrizi, ithayima, ibhomu, isiluka, umnxeba, isijwayi kanye namanye amaningi anganambitheki. Lokhu kubukelwa phansi nokuphathwa dlakadlaka kwabantu asebekhulile sekungene kwagamanxa esizweni sakithi.

Ngenxa yokushesha kwempilo yesimanje, wonke umuntu ejahe imali, abadala baphenduka umtshingo ubethwa ngubani. Phela impilo ayilutho kulesi sikhathi uma ungenamali. Asebekhulile sebeswele ukunakekelwa kahle ngoba basala bodwa emakhaya. Uma beshiywe ekuseni bayoze babonwe lishona ilanga. Kwenye inkathi abantwana basebenza kude namakhaya, uthole asebekhulile besele bodwa bengabhekwe muntu. Ziningi izingozi ezibehlelayo njengokunukubezwa, bagqekzelwe kokunye babanjwe nenkunzi. Kuqala kwakungenzeki lokhu ngoba omama bamakhaya babengasebenzi begada ekhaya.

Ukuvikela asebekhulile, iningi labantwana liyabathatha liyobahlalisa ekhaya labadala. Usuke evelwe-ke umuntu omdala uma eke washiywa lapho. Akabe esavakashelwa, uma kukhokhiwe nje esikhungweni sokugcina abadala basuke sebeqedile abantwana bakhe. Bayofa yinkumbulo bebalisa ngezingane zabo, zingasabonwa nangokhalo. Pho kungathiwani, impilo iyashesha. Kodwa okumangazayo ngukuthi mzukwane kuthiwa sebedlulile emhlabeni, abantwana bazifikela qathatha, bangcwabe kube kuhle. Bonke basuke bebhoke ukuthi ifa lalabo abashonile labiwa kanjani. Impela uma sewukhulile usuke ungaselutho. Kodwa abanye abantwana benza isiqiniseko sokuthi kukhona ogada abadala babo yize bematasatasa nempilo. Basuke benenhlanhla labo abathola lolu thando, balala ngokuthula noma sekufike ilanga lokuphela.

Uzomakwa kanje:

Inani lamagama	2
Ulimi	3
Okuqukethwe	5

Amamaki ayi-10

ISIQEPHU C**UMBUZO 3****INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI**

3.1 Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

NGIPHE ISANDLA

- 1 Ngiphe isandla Sebawoti,
Ngiqokelele ngiphembe,
Ngigaye ngicoyise,
Ngiphe isandla mhlaba,
Ngixhawule okwafuthi.
- 6 Ngiphe isandla lapho
Ngentula, ngentula umpucuko,
Ngibhambathe kuvunde,
Ngikhothokhothoze ngitshale,
Kwenabe ngithene.
- 11 Ngiphe isandla Mdali,
Ngelulele izimpofana,
Zicofiye zinambithe,
Lapho sengimathamb' amhlophe,
Ngemukele kweliphakade.
- 16 Ngiphe isandla lapho
Ngisehlane ungophule,
Ehlane ngilalise,
Kuhlokome kwezimakhelekethe,
Lapho sezifinyeziwe.
- 21 Ngiphe isandla Smakade,
Ngicabaye ngigaye kucole,
'Ze bafobele oNokuntula,
Bathibe iphango ze
Basimame baphile phakade

Bhala i-eseyi uchaze ukuthi ukukhethwa kwamagama kulekelele kanjani ekugqamiseni indikimba yale nkondlo engenhla. **Impendulo mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.**

Impendulo yakho mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo.

- Makuchazwe ukuthi kusho ukuthini ukukhethwa kwamagama.
- Makuchazwe ukuthi lawo magama akhethiwe alekelele kanjani ekugqamiseni indikimba yale nkondlo.

(10)

IZINKONDLO EZIFUNDWE EKILASINI

3.2 Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

LIYANYONYOBA LEI FU

- 1 Ngilibona liza liyanyelesa,
Liza lingenazig' ezethusayo,
Liza leli fu limbalambili.
Omunye ngowenyonikayiphumuli,
Omunye ngowendl' ivaliwe.
- 6 Ngisabathe ngiyalibalekela,
Kufane nokugiya ndawonye.
Ngisabathe jeqe liyeza liyanyonyoba,
Liyanginyonyobela leli fu elingenaluzwelo,
Ompishol' umbala liwudonsela kulo.
- 11 Sengize ngaluthwanqasana ukwesaba,
Sengize ngahlanz' udende ukubaleka,
Ngemiful' esengiqeqile usungamisa iminwe emibili.
Sengeqe uMhlathuze noMhlathuzana,
Kepha luth' ukulibal' ukungilandela ifu ndini!
- 16 Mpiko kanti uzohluma nini?
Khathi ngizontweza emoyeni
Ngintwezele kwelezimpandla nezingwevu,
'Ze ngifike ngithwase ezokuvik' imiphoso namangwevu
Lapho-ke umnyam' uyob' usugwinywe ngumhlophe.

- 3.2.1 Kungani imbongi ithi leli fu alinaluzwelo? (1)
- 3.2.2 Yizinkomo ezimbala muni ezibizwa ngenyonikayiphumuli nendl' ivaliwe? Bhaka esitanzeni sokuqala. (1)
- 3.2.3 Chaza ukuthi igama elithi 'ngowenyonikayiphumuli' kanye nelithi 'ngowendl' ivaliwe' anamthelela muni ekugqamiseni umyalezo wenkondlo. Bhaka esitanzeni sokuqala. (2)
- 3.2.4 Yini inhloso yembongi ngokusebenzisa isimo sokukhuluma esiyisisho esisemgqeni we-12? (2)
- 3.2.5 Yini inhloso yembongi ngokusebenzisa 'ukuxhumanasiqalo' okutholakala emgqeni we-11 nowe-12? (2)
- 3.2.6 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwemisho evalekile ezitanzeni zale nkondlo kunamthelela muni esigqini sayo. (2)

3.3 Funda inkondlo efundwe ekilasini bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi.

NGIKHANGEZE

- 1 Ezandleni ezivulekel' ukufumbatha,
Uju nobisi inhliziyi ithi kla!
Okokunambitha kuthi makuze intokozo,
Ubuso bulondoloze ubuhle ngokumamatheka.
- 5 Ngikhangeze ...
Ngenkezo kumancishana,
Ngithi qhabu! Izindlebe zihongozeke,
Ngiylalel' imvunge yokubekezela inginyenyezela,
Kuvuke umshimbishi ngihaye inkondlo.
- 10 Ngikhangeze ...
Ngenkombosi yobuchule bobabamkhulu,
Ngihlobe ngemvunulo yesintu ngomqondo,
Ngifuze iLembe ngobungcweti
Ngibe liqhawe lamaqhawe.
- 15 Ngikhangeze ...
Ngokhezo okhambeni lomongo wesintu,
Sengiyinqwele ngiyinwampel' indwamb'
Enokwehla ngamphimbo,
Ngihakaze kuhle kwenkanyezi yomkhathi.
- 20 Ngikhangeze ...
Ngesandla emxhakeni wezinkobe,
Ngihlafun' usizi lokudl' imbuya ngothi,
Ngikusongel' ukwazi,
Ngokuzifihla ngemfihlo yokunyamalala.
- 25 Ngikhangeze ...
Ngemfudumalo yokuphola kwelanga,
Mhla sengibhek' eMpumalanga,
Ngibabon' okhokho bosaziwayo bakithi,
Besidlis' imbuya ngothi ngalolu siba.

- 3.3.1 Iyini inhloso yembongi ngokusebenzisa impindwa kule nkondlo? (1)
- 3.3.2 Phawula ngomoya wembongi ngenkathi ibhala le nkondlo. (2)
- 3.3.3 Isenzukuthi 'kla!' siyigqamisa kanjani indikimba yale nkondlo? Bheka esitanzeni sokuqala. (2)
- 3.3.4 Ngubani leli Lembe imbongi ekhuluma ngalo esitanzeni 3 umugqa we-13, futhi kungani elibiza ngeqhawe? (2)
- 3.3.5 Chaza leli binzana lamagama asesitanzeni 4 umugqa we-17. (2)
- 3.3.6 Isifenqo esisetshenziswe emgqeni we-19 sinamthelela muni ekuqondeni kwakho okushiwo yile nkondlo? (1)


ISIQEPHU D IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBULO 4**

4.1 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Kwakukhona insizwa **eyayingumdondoshiya** nje, isho ngamahlombe **abanzi**, egama layo linguMabutho, eyayisebenza khona la eThawini, ishayela imoto yezinkwa, abantu beyithandela umoya wayo omuhle. Wawungemfune umuntu **oqotho**. Kwakuyinsizwa **eqatha** futhi ezithobile impela. Yayizithanda le nsizwa ivame ukugqoka amabhulukwe abizayo, aphuzi namhlophe ngemibala. Nayo **yayizicwala** khona eSaluni kaNgakanani. Yayimane ingene nje kungonakele lutho ithi: "Cha, mina ngisemuhle. Ngidlulela ukunibona nje ukuthi nisaphila." Kwakunteliswana, kuhlekwe, kube mnandi. Lwagcina luyithumbile inhliziyi kaMabutho uthando lukaNgakanani. Insizwa le yayithi lapho izibika imuthi **njo** uNgakanani, wawungafunga ukuthi wayefuna ukufunda impendulo ebhalwe kulawo mehlakazi. Wayenomkhutshana wokukhulumela phansi lapho exoxa noNgakanani. Uma uNgakanani evuma ukumqoma, wayengamlobola kusasa lokhu okusayo. Azishaye zibe yishumi **eziyinhlalakhukhwini**.

- 4.1.1 Igama '**umdondoshiya**' elisemgqeni wokuqala lisivezela sithombe sini mayelana nesakhiwo somzimba kaMabutho? (1)
- 4.1.2 Bhala incazelo evezwa yila magama asendabeni alandelayo:
- oqotho (1)
 - eqatha (1)
- 4.1.3 Igama '**abanzi**' elisemshweni wokuqala lenze msebenzi muni kulo musho? (1)
- 4.1.4 Ucezu lwenkulumo oluthi 'njo' lusitshela ukuthini mayelana nendlela uMabutho enza ngayo lapho ezibika kuNgakanani? (1)
- 4.1.5 Umqondo ovezwe yisakhi 'kazi' emshweni olandelayo wehluke kanjani kulona ovezwe emgqeni we-11?
- UNgakanani yindodakazi kaMaGumede ekhuthela. (2)
- 4.1.6 Thola ibinzana lamagama endabeni elisho leli '**igcokama**'. (1)
- 4.1.7 Sebenzisa igama 'ukuzicwala' emshweni ukuze kuvele incazelo yalo. (1)
- 4.1.8 Yizinkomo ezinjani ezibizwe nge 'nhlalakhukhwini'? (1)

4.2 Bukisisa le khathuni engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.



[Ikhatuni icashunwe ezinkundleni zokuxhumana iFacebook]

- 4.2.1 Yini ephikisana nenkolelo yabantu mayelana nobulili eyenzeka kule khathuni? (1)
- 4.2.2 Amazwi athi "ngizogwinya itshe" asitshela ukuthini ngomqondosimo wale nkosikazi? (1)
- 4.2.3 Okwenzeka kule khathuni kunamthelela muni esinqumeni esithathwa yintombazane ngomendo? (1)
- 4.2.4 Ukubukeka kobuso benkosikazi uma ubuqhathanisa nobendoda kusitshela ukuthini ngemizwa yabo? (1)
- 4.2.5 Sithombe sini esivezwa ngamazwi athi "vala lo mlonyana wakho" ashiwo yindoda? (1)

4.3 Funda lesi sikhangisi esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.


NOMFUNDO ACADEMY
KUPHASA WONKE UMUNTU!!!


Kade wawuzama awuphasi!
 Ufuna ikusasa eliqhakazile!
 Ufuna umsebenzi okhokhela imali eningi!

NANSI IMPENDULO ISIFIKILE, UYAMENYWA EMHLANGANWENI.

Indawo: eCity Hall eMgungundlovu
 Isikhathi: ngehora lesi-9 ekuseni
 Usuku: 21 kuMasingana 2015

PHATHA UMAZISI WAKHO KUPHELA.

Sikunikeza imfundo esezingeni eliphezulu.
 Sikutholela imifundaze ethembekile.
 Wonke umuntu uphasa ngamalengiso.
 Awugqokwa umfaniswano.

Ungasixhuma ngalezi zindlela: 071 707 6571/nomfundoacademy2@gmail.com

- 4.3.1 Kubaluleke ngani ukuba isikhangisi sibe nezindlela zokuxhumana ezahlukene? (2)
- 4.3.2 Amazwi athi 'KUPHASA WONKE UMUNTU' angaba namthelela muni ekubhaliseni kwabafundi kulesi sikhungo? (1)
- 4.3.3 Iyiphi inkinga umnikazi wesikhungo angabhekana nayo uma kuba khona abafeyilayo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.3.4 Tomula inkulumo ewulimi olukhohlisayo esikhangisini esingenhla bese usekela impendulo yakho. (2)
- 4.3.5 Ukusetshwenziwa kophawu lokubabaza esihlokweni kusitshela ukuthini ngemiphumela yalesi sikole? (1)
- 4.3.6 Ukungabi khona kwekheli eliqondile lendawo lapho isikole sakhiwe khona kunobungozi kubafundi. Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende? Sekela impendulo yakho. (2)

[25]

UMBUZO 5

Funda lesi sigatshana bese ulungisa amaphutha atholakala kuso.

Abantu base begcwele iholo beze emhlanganweni abamenyelwe kuwo. Indlule yayigcwele ivale ngomuntu phezulu. Kuwo lowo mnyama kwezwakala izwi limemeza lithi thulani umsindo zingane zakwethu Nasoke isiphoxi esingumeyiwa sidaza inkani siqhubeka nokukhuluma. Yase idilikile insizwa ende yaqonda ngqo kuye yathi njalonje wena ndoda ukujwayele ukuphoxa. Ufuna impama ingqindi noma unyawo. Wezwakala esekhala ubumaye maye kanti insizwa isimlahle phansi ngenqindi.

[10]

Amamaki angama-35

Amamaki esewonke ayi-100